

INDLU YOMNYANGO WOKUTHELISA YOKUGCINA IZIMPAHLA

Lawa ngamagceke/izindawo ezinemvume okugcinwa kuzo izimpahla ezingeniswe ezweni ezizosetshenziswa ekhaya, ukudluliselwa ukusetshenziswa ekhaya, izimoto ezingamasekeni ezizothekeliswa kuphela, izitolo ezingatheliswa, ukuhlanganiswa, ukuhlukanisa kanye nokuzothekeliswa ngesikhathi esibekiwe. Izimpahla zigcinwa kuze kube nesidingo lapho okuzofuneka ukuthi kudluliswe ukudalula kwalapho kade zigcinwe khona ukuze zisuswe kuleyo ndawo yokugcina izimpahla eMnyangweni wokuThelisa. Ezimweni ezifanayo umuntu onemvume / umnikazi wezimpahla kuzodingeka ukuthi aphanthe intelo kanye ne-VAT uma kudingeka ngesikhathi sokugunyazwa. Izimpahla angeke zisuswe kwenye indawo ziye kwenye indawo noma zibekwe endaweni enjalo kuze kube ukuthi ukudalula eMnyangweni wokuThelisa sekudluliswe futhi kwemukelwa uMnyango wokuThelisa. Ngeminye imininigwane, ungabheka enqubweni ebizwa nge-[Registration, Licensing and Designation external policy](#).

Izinhlobo zezindlu zoMnyango wokuThelisa zokugcina izimpahla

- **Indlu yokugcina izimpahla**

Lawa magceke / izindawo zinezimvume ngokweSigaba 19 yokugcina izimpahla ezitheliswa ezweni, kubandakanya labo abagcinela ukuthengisa. Izimpahla ezigcinwe kulezi zindawo imvamisa zisuke zihloselwe ukusetshenziswa ekhaya noma zidluliselwa ukusetshenziswa ekhaya.

Imaphi amafomu adingekayo ukufaka isicelo semvume yokugcina izimpahla zoMnyango wokuThelisa?

- [DA185 - Application form: Registration/Licensing of Customs and Excise Clients](#)
- [DA 185.4B3 - Licensing Client Type 4B3 - Storage Warehouse](#)
- [DA185.C - Annexure Security Particulars.](#)
- **Storage Warehouse (Customs Controlled Area (CCA) Enterprise)**

Lawa magceke / izindawo ziyizindawo zokugcina izimpahla ezinemvume zoMnyango wokuThelisa ezisezindaweni ezikhethekile zomnotho ama-Special Economic Zone ezithile, ezigunyazwe nguNgqongqoshe wezoHwebo neziMboni kanye noMnyango wokuThelisa.

Imaphi amafomu adingekayo ukuze uthole imvume yendawo yokugcina izimpahla eLawulwa uMnyango wokuThelisa i-Customs Controlled Area (CCA) Storage Warehouse?

- [DA185 – Application form: Registration / Licensing of Customs and Excise Clients;](#)
- [DA 185.4B9 – Special Storage Warehouse \(Customs Controlled Area Enterprise\) – Section 19A, 21, 21A and Rule 21A.10\); kanye](#)
- [DA185C – Security Particulars,](#) uma kudingeka isibambiso.
- **Indawo yokugcina izimpahla ekhethekile**

Lawa magceke / izindawo zinemvume yokugcina lokhu:

- Izimpahla ezithelekisiwe ezitheliswa, kubandakanya izimoto ezithelekiswayo kuphela;
- Izimpahla ezingatheliswa ezithelekiswayo ngokweSigaba 21(3) kubandakanya ukuhlanganisa nokuhlukanisa;
- Izimpahla ezithelekisiwe eziya noma eziza esitolo esiyibhizinisi elingatheliswa.

Usifaka kanjani isicelo sokusebenza njengendawo yokugcina izimpahla ekhethekile i-Special Storage (SOS) Warehouse?

- Gcwalisa ifomu lokufaka isicelo elidingekayo kanye nesithasiselo/zithasiselo ezifanele.
- Thumela amadokhumenti afakazelayo agxiviziwe njengoba ebhaliwe efomini.
- Khokha imali efunekayo yokuthola imvume.
- Khokha imali yesibambiso uma sikhona.

Imaphi amafomu adingekayo ukuze uthole imvume yendawo yokugcina izimpahla eLawulwa uMnyango wokuThelisa i-Customs Controlled Area?

- [DA185 - Application form: Registration/Licensing of Customs and Excise Clients](#)

- [DA 185.4B4 - Licensing Client Type 4B4 - Special Storage Warehouse](#)
- [DA185.C – Security Particular](#), uma kudingeka isibambiso.

Ngabe isitifiketi sokugunyaza esivela emaphoyiseni siyadingeka yini uma ufaka isicelo semvume yendawo yokugcina izimpahla i-SOS warehouse uma kuyizimoto ezingezintsha futhi lokhu kumele kuthunyelwe nini?

Isitifiketi esigunyazayo esivela emaphoyiseni kumele sihambe nesicelo (uma sikhona; uma singekho kumele sivezwe ngesikhathi sokuhanjiswa kwezimpahla ngaphandle kwezwe noma uma zingeniswa endaweni egunyaziwe yokugcina izimpahla).

Ngabe indawo yokugcina izimpahla ingakwazi ukuthi ithuthwe iyiswe kwenye indawo?

Ukuyiswa kwenye indawo kwendawo yokugcina izimpahla kuzovunyelwa kuphela uma indawo okuhlongozwa ukuyiswa kuyo isendaweni engaphansi koMlawuli / koMphathi weGatsha oyedwa futhi kuzoncika emhlanganweni ozoba khona ngokwemigomo nemibandela yemvume. Bheka inqubomgomo ebizwa nge-[Registration, Licensing and Designation external policy](#).

Isungqangi: Ukuze ugweme ukuphula umthetho, umuntu onemvume kumele abe umnikazi / umthelekisi wezimoto ezingezintsha; azikho izimoto ezingezintsha ezizogcinwa egameni labanye abantu.